



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2014

KWAZULU-NATAL

AMAMAKI: 120

ISIKHATHI: amahora ama- $2\frac{1}{2}$

Leli phepha linamakhasi ayi-23.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Isifundo sokuqondissisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)
ISIQEPHU D:	Imibhalo	(40)

2. Phendula YONKE imibuzo.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dwebela emva kwesiqephu NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni ngamunye.
6. Eqa umugqa emva kwaleyo naleyo mpPENDULO.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Hlela isikhathi kanje:
- | | |
|-------------|-------------------|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |
| ISIQEPHU D: | Imizuzu engama-30 |
9. Bhala ngobunono nangokuggqamile.

ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISA

UMBUZO 1

- 1.1 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

UKUHLELELA UKUBHALA IZIVIVINYO

Ukuphumelela kwabafundi bakamatikuletsheni kuwumsebenzi wabantu abaningi abasizayo. UHulumeni kaZwelonke (National Government) ebambisene nezifundazwe (Provinces) zonke zaseNingizimu Afrika kanye nezinhlangano ezizimele (NGOs), baphume umkhankaso (campaign) wokuthi abafundi bebanga le-12 baphumelele.

Nomasipala bezifunda (district municipalities) nabo abazibekile phansi. Bayasiza kakhulu ngokwakha imitapo-yolwazi yendawo (libraries) lapho abafundi bezothola izindawo zokufunda ngezimpelasonto nangamaholidi uma kuvalwe izikole, futhi abahambi ibanga elide beya kofunda.

Inhlangano yezokusakaza yakwa SABC nayo ibambe elikhulu iqhaza ukusiza abafundi. Kunezinhlelo zokutshengisa futhi zifundise bukhoma abafundi zonke izifundo. Lolu hlelo lutholakala kuShaneli Yokufunda (Learning channel) naku SABC 2, lapha abafundi bayakwazi ukuba imibuzo. Kukhona futhi nendlela yokufona/ukushaya ucingo uma ungezwanga kahle, le ndlela ibizwa ngokuthi *i-matric toll free helpline* kanti imahhala.

Lapha kulandwa ochwepeshe (experts) bothisha bezifundo ezifundiswa ngalelo langa. Izifundo ezifundiswayo yilezi ezilandelayo; I-Mathematics, Physical Science, Accounting, Business Studies, Life Science neZilimi (Languages) ezahlukene abazifunda ezikoleni zabo.

Abamaphephandaba nabo kukhona okuthile abakwenzayo. Bafaka izinsiza-kufunda (study guides) emaphepheni abo ngaphandle kokushintsha intengo yephepha. Benza nesiqiniseko sokuthi abafundi bayawathola la maphephandaba ngokuthi bawalethe bona ngokwabo ezikoleni baphinde futhi bawahambise emtapweni-lwazi. Okujabulisa kakhulu abafundi ukuthi abamaphephandaba bayaye basho usuku negama lephephandaba elizokhipha izinsiza-kufunda eziphuma ziymibala egqamile nefundekayo.

Abezempilo nabo bayabaluleka abafundi mayelana nendlela yokudla uma betadisha. Izingcweti zokudla (dieticians) zithi kunezindlela zokudla ezifanele zilandelwe ukuze izingane zesikole zikwazi ukuqondisa ezikufundayo. Abafundi abadla ukudla okunoshukela omningi abakwazi ukufunda isikhathi eside. Uhlobo lokudla abathi lubalungele yilolo olunomsoco (nutritional). Ukudla izithelo, imifino, ushizi, ubhontshisi kanye nenyama yikhona okulungile. Izingane ziyakhuzwa ukuthi zingajwayeli ukusebenzisa imithi ezokwenza ukuthi zingalali uma zifunda. Lokhu bathi kuphazamisa indlela nesikhathi sokuphumula.

[Own Source]

- 1.1.1 Yiziphi izinhlangano EZINTATHU eziveziwe lapha endabeni ezsizayo ukuba izingane ziphase uMatikuletsheni? (3)
- 1.1.2 Khipha igama endabeni elimele elithi '**abaluleki bezokudla**'. (1)
- 1.1.3 Zitholakala kuyiphi ishaneli izinhlelo zemfundo kumabonakude? (1)
- 1.1.4 Nikeza izinhlobo EZIMBILI zokudla okumele bazidle uma befunda? (2)
- 1.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi:

Igama elisho ukuthi kumahhala.

A Kukhokhwa kancane.
B Kukhokhwa kakhulu.
C Akukhokhwa lutho. (2)
- 1.1.6 Qondanisa ukholomu A nokholomu B:
- | IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|-------------------|-------------------|
| (a) Ukutadisha | A Okufanele |
| (b) Okunomsoco | B Ukufunda |
| (c) Okulungile | C Okunempilo |
- (3 x 1) (3)
- 1.1.7 Yini lena efakwa abamaphephandaba emaphepheni ukusiza abafundi? (2)
- 1.1.8 Nikeza izifundo EZIMBILI ezivamise ukuvezwa kulolu hlelo (ishaneli yokufunda) lokufunda. (2)
- 1.1.9 Ngokucabanga kwakho kungcono ngani ukufunda kumabonakude? Sekela impendulo yakho ngokucaphuna endabeni. (2)
- 1.1.10 Bhala isizathu sokuthi kungani abafundi bengafanele badle ukudla okunoshukela omningi? (2)
- 1.1.11 Chaza usizo olunikwa uMasipala ukuthi lungazishintsha kanjani izimpilo zabafundi bebanga le-12? (2)
- 1.1.12 Bhala ukuthi UMBONO noma IQINISO bese uyasekela:

Abezempiro bayabaluleka abafundi mayelana nendlela yokudla (2)

1.2 Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela:



[Sicashunywe: Iphephandaba Isolezwe Jan 2013]

- 1.2.1 Humusha ngolimi lwesiZulu: 'Matric Statement' (1)
- 1.2.2 Kungabe yini eyenza le ntombazane ijabule? (2)
- 1.2.3 Khetha impendulo efanele kulezi:
Yini engenza le ntombazane ingajabuli emva kwasikhathi?
A Ukungabi nayo imali yokuya eNyuvemi
B Ukungabi nezingubo zokugqoka
C Ukungabi nabazali
D Ukungabi nendawo yokuhlala (1)
- 1.2.4 Nikeza igama elimqondofana (synonym) nelithi 'ngiphasile'. (2)
[30]

AMAMAKI ESIQEPU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Funda le ndatshana emayelana NAMANDLA ERANDI.

IMIYALELO:

1. Bhala amaphuzu ayisikhombisa ngemisho ephelele. Amagama akho mawangeqi kumagama angama- 50
2. Sebenzisa amagama akho emshweni.
3. Bhala izinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7
4. Bhala umusho emgqeni omusha.
5. Bhala kubakaki inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kokufingqa

AMANDLA ERANDI

Imali yaseNingizimu Afrika ibizwa ngokuthiwa irandi. Ngaphakathi ezweni lakithi irandi linamandla amakhulu. Lokhu kusho ukuthi ungakwazi ukuthenga izinto eziningi ngalo. Indaba enkulu ivela lapho sekuthiwa liqhathaniswa nezinye izimali zakwamanye amazwe. Edoleni laseMelika (American Dollar) irandi liba amarandi ayishumi (R10), kuPondo waseNgilandi (British Pound) irandi liba yishumi nantathu lamarandi (R13) kanti futhi alenzi kahle uma uliqhathanisa ne Yen yase Japan kanye ne Lira yase Italy. Ukuze iNingizimu Afrika ikwazi ukuhweba (trade) nala mazwe abalwe ngenhla kufanele ikhiphe imali eningi.

INingizimu Afrika yenza kangcono kakhulu ngezinto ezimbiwa phansi (mineral resources). Singabala amadayimane, igolide, iplatinum kanye namalahle. Zonke lezi zinto zizodayiselwa/zizothengiselwa amanye amazwe ngemali ephansi, bese kuthi bona benze amawashi, amafenisha kanye namathuluzi abizayo. Izimboni zaseNingizimu Afrika ziphinde zikuthenge ngemali enkulu. Sicina sesikhokhela izindleko (expenses) eziningi ezifaka ukulethwa kwempahla ngomkhumbi, ukuyithutha echobeni (habour) isiya ezindaweni ezigcina izimpahla (warehouses) bese kuthi ekugcineni iye ezitolo. Lapho-ke isibiza enkulu imali le.

Abezomnotho (Economists) bathi ukuze sikhawazi ukugwema (prevent) lesi simo kumele sithenge imikhiqizo (products) eyenziwe eNingizimu Afrika. Yona siyoyibona ngokuthi ibe nemibhalo ethi **South Africa**. Bathi yilapho khona sizokwazi ukubona amandla erandi. Amazwe aphiesheya wona ayajabula uma irandi lethu lingenawo amandla. Kubabiza imali encane bona ukuvakasha, ukuthenga kanye nokuhlala ezweni lethu uma isimo serandi sintengantenga (weak).

[Own Source]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.

NUZU REPAIRS

AMANANI APHANS!! WALALA WASALA !!

SIKHANDA IZICATHULO

SITHUNGA IZIKHWAMA

SIFAKA IZITHENDE

KONKE LOKHU SIKWENZA ULINDILE

UKUKHANDA : R30

UKUTHUNGA: R30

UKUFAKA ISITHENDE: R20

UNGAPHUTHELWA!!! UNGAPHUTHWELWA!!

SITHOLAKALA KU: 13 PLAZA DRIVE, CRAIGLEBURN


UMUNTU ONGAXHUMANA NAYE: UTHEMBI MBUTHU

UMAKHALEKHUKHWINI: 083 030 3040

IFEKSI: 035 773 2292

UZOZISHOLO WENA!!!

[Own Source]



- 3.1 Khulisa igama 'izikhwama' ngokujobelela u-kazi. (1)
- 3.2 Bhala isitatimende esisesikhangisweni esiyiqiniso hhayi umbono. (2)
- 3.3 Bhala igama 'umakhalekhukhwini' ngesiNgisi. (1)
- 3.4 Malini ukukhanda icathulo? Bhala inani ngesiZulu esihle. (2)
- 3.5 Ngokucabanga kwakho la magama asesikhangisweni abhalelwani ngefonti enkulu kunamanye? (2)
- 3.6 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenziswe esikhangisweni. 'UZOZISHOLO WENA' (2)
[10]

UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.



- 4.1 Zingaki izinja ezikule khathuni? Bhala inombolo ngesiZulu esihle. (1)
 - 4.2 Bhala leli gama ngokuphelele, '**k'dala**'. (1)
 - 4.3 Khipha igama elikhombisa ukubabaza/ukwethuka. (2)
 - 4.4 Nikeza igama elimqondofana (synonym) nelithi 'antshontshe' elise khathunini. (2)
 - 4.5 Ngokucabanga kwakho yiziphi izindawo EZIMBILI ebekade efunwa kuzo uBhova. (2)
 - 4.6 Kule khathuni, bhala igama elikhombisa ubuncane bento. (2)
- [10]**

UMBUZO 5

5.1 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo

Kwathi sekuzwakele izindaba zokuthi akaphumelelanga uNozipho wanyamalala endaweni ahlala kuyo ngoba esaba ukuphoxeka. Noma kunjalo abazali bakhe uNozipho babelokhu beshilo njalo bona ukuthi akaphindele esikoleni ngoba usemncane, usenalo ithuba lokwenza kahle futhi.

Okwakukubi kakhulu ukuthi nangapha abangani bakhe babengazibekile phansi besho nokuthi uzohlekwa uma ephindela esikoleni ngoba wonke umuntu wayazi ukuthi akaphumelelanga.

Lapho-ke kwase kufanele azithathele yena isinqumo ngoba ikusasa_ngelakhe kuphela. Abangani bakhe bobo bengasekho ukumsekela uma impilo isinzima isidinga yena kuphela. Emva kwasikhathi wasithatha isinqumo ngempilo yakhe ukuthi uzophindela esikoleni.

5.1.1 Bhala isiqalo segama elithi abangani. (1)

5.1.2 Bhala igama uNozipho libe sebuningini. (1)

5.1.3 Isakhi esibhalwe ngokugqamile(bold) kuleli gama 'uzohlekwa' sikhombisa yiphi inkathi? (2)

5.1.4 Nikeza igama elimqondofana nelithi 'akaphumelelanga'. (2)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kozinikiwe:

Ukuthatha isinqumo:


- A Ukungazicabangeli
 - B Ukuzicabangela wena
 - C Ukunganaki
 - D Ukuthatha kancane izinto
- (2)

5.1.6 Khipha igama eliyisihlanganiso emgqeni wesikhombisa esiqeshini esingenhla bese wenza umusho ngalo. (2)

5.1.7 Nciphisa igama elithi 'isinqumo' likhombe ukwedelela. (2)

5.1.8 Khipha izabizwana EZIMBILI ezitholakala kulesi siqephu. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Own Source]

5.2.1 Lungisa lo musho uzwakale kahle:

Umfundi ushaya uThisha umshanelo. (1)

5.2.2 Igama elithi 'amanyala' liveza muphi umuzwa? (2)

5.2.3 Igama elithi izingane (isenzo, isichasiso, ibizo, undaweni). Khetha impendulo eyiyo kulezi ozinikiwe. (1)

5.2.4 Bhala igama elisesithombeni eliveza umqondo wokwenziwa. (2)
[20]

AMAMAKI ESIQEPU C: 40

ISIQEPHU D: IMIBHALO

- Kulesi siqephu umfundi uzophendula imibuzo NGENCWADI EYODWA kuphela.
- Amamaki alesi siqephu esewonke angama-40.

INOVELI: *UMSHADO – N Zulu***UMBUZO 6**

6.1 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo

Kwadlula amasonto amaningana impela iphupho lilokhu limbelesele uBheki. Noma kunjalo akayivezi le ndaba kunina. Imququda yedwa. Afikelwe umqondo wokuthi ake aye kwababonayo, bambhulele. Awulahle lo mqondo.

Abone ukuthi sengathi izomehlisa isithunzi le nto yokuhambela izangoma enguthisha. Wabuye wakhumbula nendaba aye yizwe ngomngani wakhe, yayithinta sona isangoma. Lesi sangoma wawuthi uma ufika kusona sikubalele bonke abantu abakhulu esesake sabasiza. Wabona uBheki ukuthi akayiyeke le nto angaze angene kulabo ababalwa yisangoma.

Waqinisela nokho phezu kokuba iphupho lalimphethe kabi. Okwakumphatha kabi du ukuthi leli phupho lingabuvezi nakancane ubuhle bukaTholakele. 'Kodwa noma kunjalo ngizoshada noTholakele, angikwazi ukunqamula lolu thando enginalo ngaye.' Ukhulumu yedwa njalo uBheki

- | | | |
|--------|--|-----|
| 6.1.1 | Bhala igama le ndawo okwenzeka kuyo le ndaba. | (1) |
| 6.1.2 | Wenza msebenzi muni uBheki? | (1) |
| 6.1.3 | Bhala igama lomuntu wesilisa osebenza noBheki. | (1) |
| 6.1.4 | Ngubani uPamella kule ndaba? | (1) |
| 6.1.5 | Yini eyenziwa nguPamela engajwayelekile? | (1) |
| 6.1.6 | Ngokwalesi siqeshana ukhathazwa yini uBheki njengoba ecabanga ukuya esangomeni nje. | (1) |
| 6.1.7 | UBhekani unezinkinga kodwa yini anesiqiniseko ngayo, angazimisele ukuyishintsha ezindabeni zakhe zothando? | (1) |
| 6.1.8 | Yini eyenza uBheki washintsha umqondo ngokuya esangomeni? Bhala izizathu EZIMBILI. | (2) |
| 6.1.9 | Bhala amagama abantu besifazane ABABILI uBhekani ekufanele akhethe kubo. | (2) |
| 6.1.10 | Imali eyabolekwa nguTholakele kuBhekani eyizi-R3 000 wayefuna ukuyenzani? | (2) |

6.1.11 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Ukuququduwa yinto kusho ukuthi iyinkinga yakho wedwa (ongayioxoxeli muntu, ekujabulisayo, ekucasulayo) (2)

6.1.12 Kungani umama kaBhekani ayengathandi ukuthi uTholakele ashade noBhekani? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.1.13 Chaza ukuthi uTholakele uhlobene kanjani noBhatomu. (2)

6.1.14 Bhala izindawo EZIMBILI lapho uBhekani noBhatomu balwa khona. (2)

6.1.15 Bhala izikhathi EZINTATHU lapho uTholakele aqamba amanga kuBhekani. (3)

6.1.16 Sazi kanjani ukuthi ubaba kaBhekani wayengafuni ukuthi ashade noTholakele? (2)

6.1.17 Kungani umalume kaBhekani engavumanga ukuyolobolela uBhekani? (2)

6.1.18 Nikeza IZIZATHU ezazenza ukuthi uTholakele engabi nabo ubudlelwano obuhle nomndeni wakhe? (3)

6.1.19 UBhekani uvezwe njengomlingiswa onenkani nophikelelayo. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU asendabeni. (3)

6.1.20 ULindiwe uvezwe njengomlingiswa onothando nokwaziyo ukuxola. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU atholakala endabeni. (3)

6.1.21 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uBhatomu wayesabisa ngokuthi uzokwenza isiqiniseko sokuthi uTholakele angeke ashade noBhekani? (3)

NOMA

KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

6.2 Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Lo kwakuwumshado wesiZulu wokumelwa yiphoyisa lenkosi lapho kubuza lona iphoyisa lithi:

'Uyamthanda na? Uma eke wavuma umakoti sekulungile. Kwakungetshwala, abantu bazilanda izigqoko kwangaba ndaba zalutho nje. Owayekhona uthi lelo langa lalifana nelanga lomshado ngendlela abantu ababegcwele ngayo. Nangalelo langa izinsizwa zazigya zidlala. Okwakuhlabu umxhwele kakhulu, ukuvunula kwezintombi nezinsizwa ezazifake imitshotshovu ehlukene ngobuhle bayo. Omama bekikiza kukuhle kunjeya.

Ngemuva komshado waphindela eGoli njengokujwayelekile. Ushada nje usevele usenezingane ezimbili. UFanyana noMjwayeli. Okuhle ukuthi wahlawula. Ucela nje wenza yonke into umuntu osevele ethenjwa kulo muzi. Baqhubeka-ke ukuthola ezinye izingane, oMirriam, uBheki noMduduzi.

6.2.1 Ngobani laba ababeshada kulesi siqephу esingenhla? (2)

6.2.2 Kwakuluhlobo luni lomshado lolu? (1)

6.2.3 Yini eyayigqokwe izinsizwa kulo mshado eyayizenza zibukeke kahle? (1)

6.2.4 Wayesebenzaphi uManyoba ngesikhathi eshada? (1)

6.2.5 Wayenasikhundla sini emsebenzini uManyoba? (1)

6.2.6 Zingaki izingane zikaManyoba sezi zonke? (1)

6.2.7 Bhala amagama azo zonke ezingane zikaManyoba. (5)

6.2.8 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Ukuhlawula kusho (ukukhokha izindleko zokukhulelisa intombazane ungashadile nayo, ukukhokha izinkomo zamalobolo, ukujeza ngesenko esibi osenzile). (2)

6.2.9 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi uManyoba wayeyindoda eyayizimisele ngempilo. (2)

6.2.10 UManyoba wayeyithanda imfundo. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU atholakala encwadini. (3)

6.2.11 UMaNdlovu akaphathekanga kahle emzini wendodana yakhe. Yini ngempela eyayimphatha kabi? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

6.2.12 Kungani kwaba yiphutha ukuthi amadodana kaManyoba azithathelle izinqumo wodwa mayelana nokunakekelwa kwabazali bawo? (3)

- 6.2.13 Chaza ukuthi amakhosikazi amadodana kaManyoba avezwe njengabalingiswa abanjani? Bhala amaphuzu AMANE. (4)
- 6.2.14 Sathini isangoma amadodana kaManyoba aya kusona ngesikhathi engasamtholi esiteshini eMnambithi. (2)
- 6.2.15 Chaza ngoshintsho olwabakhona empilweni kaManyoba ngemuva kokuthi edlale ilotto. (3)
- 6.2.16 Shono ukuthi uManyoba wazijezisa kanjani izingane zakhe. (3)
- 6.2.17 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uma ungasenayo imali usuke ungesenawo namandla okuzithathela izinqumo? Sekela lo mbono ubhekise kuManyoba. (3)
- [40]**

NOMA**UMBUZO 7****UMDLALO: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

- 7.1 Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

(Emzini wenkosi, uShandu. Inkosi izixoxela nomkayo uMaNgema. Bahleli endlini yokuphumula.)

Shandu:	Waze wasiyala uHulumeni ngale mithetho yakhe esikhweza abafokazana emakhanda amakhosi.
MaNgema:	Uqinisile baba, oDuma abasazikhohliwe bengamakhosi. Ngempela uDuma ungekhohlwe sekunguye inkosi kule ndawo. Kukhona nabantu asebemkhulekela. Eqinisweni nje, lo Hulumeni wayecabangeni nje aze ashaye umthetho onje.
Shandu:	(Ubuso buhwaqabala) Kwakunani nje ukuthi bavotise abasemadolobheni kuphela? Thina makhosi basivikele ngokushaya umthetho othi masifundiswe ngokusebenzisana nabantu ekuletheni intuthuko. Buka nje manje, abantu sebenezimpawana zokuhlukana phakathi. Kukhona asebengibuka njengento engathi shu. Abanye bazonda uDuma egameni lokuthi usethathe isikhundla sami engasinikwa uMvelinqangi kanye nobabamkhulu.

- 7.1.1 Ikuphi inkosi nondlunkulu wayo njengoba bexoxa? (1)
- 7.1.2 Yimuphi umsebenzi aqeqeshelwe ukuwenza uMaNgema? (1)
- 7.1.3 Wawuyekelani lo msebenzi uMaNgema? (2)

- 7.1.4 Ngokwalesi siqeshana yini exabanisa uDuma nenkosi? (1)
- 7.1.5 Ngubani induna yenkosi uShandu? (1)
- 7.1.6 UDuma unaskhundla sini endaweni? (1)
- 7.1.7 Ngubani inkosikazi kaDuma? (1)
- 7.1.8 Kunabudlelwane buni phakathi kukaDuma noMbandlwa. (2)
- 7.1.9 Kungani unkosikazi kaDuma engamthandi uMbandlwa? (3)
- 7.1.10 Chaza ngokulimala kukaMbandlwa? (3)
- 7.1.11 Ekuqaleni komdlalo unkosikazi kaDuma ukhuthaza uDuma ukuthi angayihloniphi inkosi kodwa ngokuhamba kwesikhathi uyashintsha. Shono ukuthi yini eyenza ashintshe. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 7.1.12 Yini eyadala ukuthi inkosi igule ize iphuthunyiswe esibhedlela? Chaza. (2)
- 7.1.13 Ukugula kwenkosi kwamsiza kanjani uDuma? Chaza. (2)
- 7.1.14 Bhala izigameko zibe MBILI lapho uDuma akhombisa ukungayihloniphi inkosi. (2)
- 7.1.15 Bhala amaphuzu AMABILI ayebekwa yinkosi noDlamini ayebenza bangahambisan nentuthuko eyayizolethwa nguDuma. (2)
- 7.1.16 Chaza ngokwenzeka ngesikhathi kufika isigijimi esithunywe yinkosi sizobiza uDuma. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 7.1.17 UMaShezi wenza imizamo eminingi ukuzama ukuletha ukuthula endaweni. Bhala imizamo EMIBILI kaMaShezi. (2)
- 7.1.18 Chaza iqhaza elabanja ngumfundisi Mazongolo ekuletheni ukuthula endaweni. (3)
- 7.1.19 Ngokwakho ukucabanga kungani uMbandlwa ayeyimpohlo? (3)
- 7.1.20 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uMbandlwa wafela amacala kaDuma? Sekela. (3)

NOMA

ISIKO NELUNGELO – N Zulu

7.2 Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

Thenjiwe:	Kulezi zinsuku Thabi kukhulunywa indaba yamalungelo. Nami-ke ngibona ukuthi ilungelo lami ukuthi ngibuyele ekhaya uma engasekho engangize ngaye lapha.
Thabi:	Bengingalazi-ke lelo lungelo. Into engixakayo ukuthi lapha kwaDludla ayenzekanga le nto oyishoyo sisi. Umakoti wakhona wahlala ngisho eseshonelwe ngumkhwenyana wakhe.
Thenjiwe:	Phela labo base benomuzi wabo othi bona. Thina sinoSkhumbuzo besingenawo umuzi.
Thabi:	Ake unginike imvume phela sisi ngikhulume noDumisani kancane nje ngale ndaba.
Thenjiwe:	Uzozixabanisa nami noDumisani wena. Uzoqala uthini nje? Okwesibili usemncane kabi wena ukuthi ungakhuluma izinto ezinjengalezo. Khumbula ukuthi futhi angimthandi mina uDumisani.

- 7.2.1 Ngubani igama lomkhwenyana kaThenjiwe osewashona? (1)
- 7.2.2 Washona kanjani umyeni kaThenjiwe? (1)
- 7.2.3 Ngubani indodana yakwaZungu okumele ingene uThenjiwe? (1)
- 7.2.4 Kungani uThenjiwe engafuni ukungenwa? (1)
- 7.2.5 Bhala igama likadadewabo kaThenjiwe. (1)
- 7.2.6 NgokukaThenjiwe kungani umakoti wakwaDludla engabuyelanga yena ekhaya? (1)
- 7.2.7 Khetha impendulo efanele kubakaki:
UTHabi (ngumngani, ngumakhelwane, yindodakazi) yakwaZungu. (1)
- 7.2.8 UThabi ufunu ukukhulumanu noS'khumbuzo njengoba ecela imvume yokukhuluma naye? (2)
- 7.2.9 Kungani uThenjiwe engafuni uThabi akhulume noS'khumbuzo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 7.2.10 Bhala isizathu esasibekwa uMaMbatha esasenza ukuthi uZungu asabe ukudedela uThenjiwe abuyele ekhaya. (2)

- 7.2.11 Nikeza isizathu esasenza abazali bakaThenjiwe bangakwazi ukumgcina ekhaya noma yena ayengasafuni ukubuyela kwaZungu. (2)
- 7.2.12 Waqamba amanga wathini uMaMbatha ngobudlelwano bukaThenjiwe noSipho? (2)
- 7.2.13 Wawuthini umbono kaNondumiso ngendaba kaThenjiwe yokungenwa? (2)
- 7.2.14 Ubaba kaThenjiwe wanqaba wathini lapho uThenjiwe ethi uzoya kohlala emzini kadadewabo kunokubuyela kwaZungu. (2)
- 7.2.15 UNondumiso wayengamukelekile kwaZungu. Bhala amaphuzu AMABILI afakazela lokhu. (2)
- 7.2.16 Ugogo wathini ngodaba lokungenwa kukaThenjiwe ngesikhathi esegulela ukufa? (2)
- 7.2.17 Yayithini imibandela (conditions) yokukhululwa kukaSipho ejele. (2)
- 7.2.18 Wawuthini umyalezo kaSipho awushiyela uThenjiwe ngesikhathi esezozibulala ejele? (2)
- 7.2.19 Ngamaphuzu AMATHATHU chaza ngokulimala kukaDumisani mhla elinyazwa nguSipho esitolo. (3)
- 7.2.20 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi uZungu wayeyindoda eqotho. (2)
- 7.2.21 Ucabanga ukuthi uDumsani wathatha isinqumo esifanele ukushiya umama wengane? (3)
- 7.2.22 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uSipho waboshelwa icala angalenzanga? Sekela impendulo yakho. (3)
- [40]**

NOMA

UMBUZO 8

IZINDABA EZIMFISHANE: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli*

Phendula YOMIBILI imibuzo kule ncwadi.

- 8.1 Funda isiqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

INGODUSO – S Bhengu

Ngiqhubeke nohambo. Ngisahamba ngawo umgwaqo, ngoba ngenqena uma ngithatha izindlela ezinqamulelayo ngizosuke ngeduke, kubuye kunenkungu lapha. Akusekude kangako ekhwени lami, sengizothi cababa nje, nansiya intaba yokugcina, bese ngidonsa ngethafa njalo, ngikhuphukele emzini kaGodide, ngike ngibone nethemba lami.

Awu! Sengikukhumbule Nokwazi, sengathi ngabe sengifikile nje lapho kuwe ngizwe lawa makha angilanda ngikude angibeka eduze kwakho. Ngizwe loluya hleko olwangithatha Iwangishiya ngingedwa ngikhungathekile. Ngibone leziya zifaca naloluya thotho Iwamazinyo.

Ngiyeza Nokwazi. Kazi awusezwa nangokudikiza kwehlo yini ukuthi ithemba lakho owalikhetha phakathi kweziningi izinsizwa lisendleleni lizokubona. Cha, ngiyeza themba lami. Kazi uzothuka kangakanani uma usulubona uswahla lwakho.

- 8.1.1 Uyaphi uSipho njengoba ehamba ebusuku nje? (1)
- 8.1.2 Uvelaphi uSipho njengoba esefika ebusuku nje? (1)
- 8.1.3 Bhala igama lengoduso kaSipho. (1)
- 8.1.4 Bhala igama lendodana kaSipho? (1)
- 8.1.5 Ubani igama likababa kaNokwazi? (1)
- 8.1.6 Mingaki iminyaka engabuyi ekhaya uSipho? (1)
- 8.1.7 Kungani uSipho engahambi ngezindlela ezinqamulelayo? (1)
- 8.1.8 Bhala izinto EZINTATHU okuyizona ezathatha uSipho ngentombi yakhe. (3)
- 8.1.9 Khetha impendulo efanele kubakaki: Ngokwalesi siqeshana ukudonsa kusho (ukuthwala kanzima, ukuhamba endaweni enyukelayo, ukufika lapho uya khona). (2)
- 8.1.10 Wayeyithathephi uSipho le mali eningi ayezoxolisa ngayo kungoduso yakhe? (2)

- 8.1.11 Xoxa ngengwijkhwebu eyenzeka kuSipho esefika kubo kaNokwazi. (3)
- 8.1.12 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi izipoki yinto ekhona. Impendulo yakho mayibhekise kokwenzeka kule ndaba. (3)
- 8.2 Funda isiqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

USIHAWU NESIHAWU – NE Mbesa

'Yini? Ubaleka kangaka nje uxoshwa yini?' Aqalaze uSihawu, kodwa angaboni ngisho kwani okuyilandelayo. Athi lapho eyibheka, athole ukuthi yinhle ngendlela angakaze ayibone. Madoda! Imisebenzi kaSomandla iyamangalisa! Ingezindoni nje ezigcwele izinyoni, pho ibekwa yini lapha?

Njengoba iyinhle kangaka, lobu buhle bayo bugcinelwe bani? Iyakhala, sekumanzi isifuba. Athi lapho eseyibambile, igxume izame ukudlubulundela. Imizimba yabo ithintane lapho eyinkonkoshela, evimba ukuthi ingamphunyuki. Yize ikhala ungafunga uthi iyamamatheka. Aze ayinqobe uSihawu.

Yena Sihawu kungahle kwenzeke aze afe engabizwanga ngangane. Abhokelwe yintukuthelo-nenkanuko. Kuthule kuthe cwaka manje lapha ehlathini okomzuzwana. Nansi intombazane enhle ngendlela emangalisayo, nansi inkanuko, nansi nempi elwayo enhliziyeni yakhe. Abibitheke umntanomuntu.

- 8.2.1 Ngubani igama le ntombazane ebanjwa nguSihawu kulesi siqephu esingenhla? (1)
- 8.2.2 Uphi umama wale ntombazane? (1)
- 8.2.3 Isukaphi le ntombazane njengoba ibaleka nje? (1)
- 8.2.4 Ibalekelani le ntombazane ebanjwa nguSihawu? (2)
- 8.2.5 Yini eyenze uSihawu enze lokhu akwenzile entombazaneni? (2)
- 8.2.6 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Ukubibitheka kusho (ukukhala umemeze, ukukhala buthule, ukuhleka kakhulu). (2)
- 8.2.7 Ukuhlangana kukaSihawu nale ntombazane kwamsiza kanjani uSihawu? Chaza. (2)
- 8.2.8 Yini eyayingajwayelekile ngezinwele zezingane zikaSihawu? (2)
- 8.2.9 Kungani uSihawu engazange aphinde athole abanye abantwana ngemuva kwamawele? (2)

8.2.10 Chaza imfihlo kaSihawu okwakumele athule nayo aze afe. (2)

8.2.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi indlela uSihawu ahlangana ngayo nomakoti wakhe akuyona indlela esemthethweni yokuthola umakoti?

(3)
[40]

NOMA

UMBUZO 9

IZINKONDLO: *IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO*

Phendula YOMIBILI imibuzo kule ncwadi.

9.1 Funda inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

KUYOSALA IZIBONGO – T Qwabe

Wayengathethi manga okaNdaba,
Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
Kula mathafa ezwe lethu kuke kwaphila izinsizwa,
Ezazigijima mzila munye nezingwenya ezibulalayo,
Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo,
Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.

Ekuhambeni kwami ngingqamula izwe lakithi,
Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo,
Notshani kukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
Ngibona amaqhawe akithi evunule ngamabhesu,
Ezandleni ebambe amahawu amaqhabanga namaklwa
Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,
Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,
Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlw ehlweni.

Ngiyawabona ethi shalushalu,
Egane unwabu, ngimfung'uNonhlanhla kababa,
Elwa engakhokhi moyo noma seyaphela impi,
Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga
Futhi kungekho namunye owathi shwele.

9.1.1 Ngubani igama likadadewabo wembongi? (1)

9.1.2 Bhala izinhlobo EZINTATHU zezilwane okukhulunywa ngazo kule nkondlo engenhla. (3)

9.1.3 Khetha impendulo efanele: la maghawe okukhulunywa ngawo kule nkondlo ashona (elwa empini, ngokudutshulwa, ngokugwazwa). (1)

- 9.1.4 Kungani lawa maqhawe okukhulunywa ngawo kule nkondlo engakutholi ukuphumula lapho ekhona. Bhala izizathu EZIMBILI. (2)
- 9.1.5 Ukugana unwabu kusho (ukushada nonwabu, ukungamtholi umuntu ozomgana, ukudinwa kakhulu). (2)
- 9.1.6 Khipha ukuxhumana okutholakala kule migqa elandelayo bese usho ukuthi kuluhlobo luni:

Ezazigijima mzila munye nezingwenya ezibulalayo,
Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo, (2)
- 9.1.7 Bhala uhlolo Iwesifengqo oluqukethwe yilo mugqa olandelayo:

Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodla ehlweni. (2)
- 9.1.8 Kungani imbongi ikhethe ukufanisa ukudinwa kwala maqhawe neminyovu? (2)
- 9.1.9 Ngokwakho ukucabanga ngubani okwakumele acelele lawa maqhawe uxolo? Sekela. (2)
- 9.1.10 Bhala umqondo wale nkondlo. (3)

9.2 Funda inkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

LOBU BUNGANI NGIYABUHLONIPHA – LMMS MADONDO

Lobu bungani ngiyabuhlonipha
Ngiyabuhlonipha lobu bungani
Bungani ngikubuke ngakuggolozela
Ngakuggolozela ngabona izimpawu,
Izimpawu ezenze ngakuhlonipha
Ngikuhloniphe ngikubuka indlela owakhiwe ngayo.
Isisekelo sakho siqine siyitshe
Size sibe yitshe nje kazi sakhija ngani
Ngisinge ngahlonga ngathola iqiniso
Sakhija ngothando neqiniso.

Uma kwehlela nihambe nibanangi nikaphuzela,
Kufikwe ethafeni bancipha ohamba nabo,
Ufike esicongweni usuhamba nomngani weqiniso
Bayazibuza abanangi ukuthi yini imfihlo yakho
Imfihlo yakho uQiniso uThembeka uNoluthando
Uma laba beke bashingila
Kumuka konke kuphele konke.
Kungumqansa ukubuyisa lezi zithandani
Maye itshe ukuzibuyisa

Kufike izivunguvungu neziphepho
Kwawohloka konke ziphephetha zibhenguza
Amakloba omlilo nawo azizwe amandla
Izikhukhula nazo azizibekanga phansi
Babaleke bonke bashiya isithunzi
Wama wasala wazimelela waqinisela.
Lobu bungani buphonswe emlilweni basha
Babuka bathi iphelile indaba kanti lutho
Buphume emlilweni bacwebezela kakhulu kunakuqala
Buphume sebuqine buyinsimbi

Kufike nongqoqwane
Kuzithemba okungunkunzimalanga,
Kuneqiniso lokuthi kuzobuqedu lobu bungani.
Phinde wehlulekile Qhwandini.
Ugadle kulobu bungane washaya umoya
Kubonakele ukuthi buqinile lobu bungani
Akulula ukububhidliza ngenxa yesisekelo sabo,
Kufike wena kugula lutho kwafika wena
Zinsizi lutho.
Kwafika wena manga lutho.

- 9.2.1 Yini eyenza imbongi ibuhloniphe lobu bungani? (2)
- 9.2.2 Bhala izinto EZINTATHU okuyizona imbongi ezibala njengezimfihlo zalobu bungani. (3)
- 9.2.3 Bhala izinto EZINTATHU esezike zavivinya lobu bungani kodwa basala buqinile. (3)
- 9.2.4 Khetha impendulo efanele kubakaki:
Kulo musho olandelayo ukukhaphuzela kusho (ukuhamba ngokushesha, ukuhamba kancane, ukuphumula). (2)
- 9.2.5 Kule nkondlo engenhla khapha umugqa okhomba ukuthi laba bangani abasibo abantu abathanda ukubukwa. (1)
- 9.2.6 Khapha imvumelwano etholakala kule migqa elandelayo bese usho ukuthi iluhlobo luni:
Kumuka konke kuphele konke.
Kungumqansa ukubuyisa lezi zithandani (2)
- 9.2.7 Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yilo mugga olandelayo:
Izikhukhula nazo azizibekanga phansi. (2)

- 9.2.8 Iluhlobo luni le nkondlo. Sekela. (2)
- 9.2.9 Bhala umqondo wale nkondlo. Veza amaphuzu AMATHATHU. (3)
[40]
- AMAMAKI ESIQEPU D:** 40
AMAMAKI ESEWONKE: 120